**HILCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KWAMANQAMU KUKA NOVEMBA 2016**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**

**IBANGA LESISHIYAGALOLUNYE( GRADE 9)**

**IPHEPHA LOKUQALA ( PAPER 1)**

**AMAMAKI : 80** **ISIKHATHI :2 Amahora**

**IMIYALELO KOHLOLWAYO:**

- Funda **lonke** iphepha ngaphambi kokuba uphendule.
- Phendula **yonke** imibuzo.
- Fundisisa imiyalelo yombuzo ngamunye.
- Bhala ngesiZulu esihle nopelomagama olufanele.
- Bhala umsebenzi **ohlanzekile.**

1.1. Fundisisa indaba bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

**IBUKHUNI IMPILO YOMUNTU OMUSHA**

USakhile umfana oneminyaka eyishumi nesithupha,ufunda ibanga leshumi. Uzalwa abazali abakholwayo , futhi bamkhulise ngendlela efanele.Ukhule ekhuthele esontweni. Izinto ziqale zashintsha esefunda ibanga lesishiyagalolunye, waqala waba nezindlela eziningi abangazazi ekhaya.Kwaqala kwafika abangani abangajwayelekile bezomfuna ekhaya, kwashintsha nendlela ayephila ngayo.

USakhile ubengumuntu okhonze ezemidlalo ngakho-ke ubehlala ezivocavoca.Ubekuqaphela ukudla akudlayo,engaziphuzi iziphuzo ezihlohlozayo ezine- esidi.Ubephuza amanzi ngaso sonke isikhathi.Adle ukudla okunomsoco ngakho-ke ubondlekile.Manje useke ezwakale enuka phu iphunga likagwayi, into abeyigxeka ngaso sonke isikhathi.

Kamuva nje uSakhile useke afike ekhaya ehamba kuphambana imilenze kubonakala ukuthi ubukhile.Umama wakhe uselahle ithemba .Uke wazama ukukhuza ngenkathi iqala le nkinga kodwa kwafana nokuthela amanzi emhlane wedada.Uma ekhuluma naye engaphuzile uyezwa, akhombise nokuzisola kodwa anele angaba nabangani bakhe kufane nokuthi unina ubezidlalela nje.Nasezifundweni zakhe akusahambi kahle njengasekuqaleni.

Ngokuhamba kwesikhathi wagcina esengene shi ezidakamizweni.Useke abonakale enamehlo abomvu, endwazile nje uma kade edla umthunzi wezinkukhu.Wayesebukeka egugile, phela abudlali utshwala nezidakamizwa! Uma bekhuzwa babethi badla ubusha babo benganakile ukuthi yibona ubusha obudla bona.

Okubi ngale mpilo ukuthi iyabiza.Umuntu kufanele azithole lezi zidakamizwa zonke izinsuku uma sezimngene ngempela egazini, esengumlutha ( addict) wazo.Lokhu kubiza kwazo kuholela ekutheni

abantu laba bantshontshe , ukuze badayise abakuntshontshile bathole lokhu kudla kwabo.Usuke usuyisigqila- ke ngalesi sikhathi sewenza lokhu okufunwa umzimba wakho hhayi okuthandwa nguwe.Likhona – ke nokho ithemba ngoba zikhona izikhungo zokwelapha labo asebeyimilutha.Inkinga enkulu ukuthi nazo izikhungo lezo zimba eqolo ngakho- ke akuwona wonke umuntu okwazi ukuzifinyelela.

Umama kaSakhile, uMaSithole ungumfelokazi ,wayengakwazi ukuhlanganisa imali yokumyisa kulesi sikhungo ukuze asizakale.Ngenxa yokuthi uSakhile ukhule ekhuthele kwezemidlalo, kwezwela kwesinye isiqumama sendawo simbona esenje.Samkhokhela ukuba aye kohlumelelisa impilo yakhe.Nempela kwenzeka lokho wabuya esephila njengakuqala.

Kumanje uSakhile usebuyele esikoleni.Wenza kahle kakhulu eklasini nakwezemidlalo.Okukhulu kunakho konke uqale umshikashika wokuqwashisa izingane ezisencane ngobungozi bempilo abeyiphila.Uthi akayifiseli muntu.Uyakugcizelela ukuthi akuwona wonke umuntu oyoba nenhlanhla yokuthola usizo isimo sisangalungiseka.Umi ngelokuthi bangaqali nakuqala nje , balalele abadala ngoba nesiZulu siyasho ukuthi

**" Indlela ibuzwa kwabaphambili".**

1.1.1.Ubani igama lomuntu okukhulunywa ngaye kule ndaba? (1)

1.1.2Uneminyaka emingaki lo okukhulunywa ngaye? (1)

1.1.3.Yiziphi izinto **ezimbili** uSakhile abezikhuthalele ngaphambi kokuqala koshintsho ? (2)

1.1.4.Kwaba yini uphawu lokuqala lokushintsha kukaSakhile? (indima1) (1)

1.1.5.Bhala izinto **ezimbili** uSakhile abezenza ukugcina umzimba wakhe usesimweni esihle. (2)

1.1.6. Waqala wenzani **okubili** uSakhile okwamenza abukeke ekhulile kuneminyaka yakhe. (2)

1.1.7.Babephendula bathini oSakhile lapho bekhuzwa ngokuziphatha kwabo? (2)

1.1.8Tomula umusho noma isigejana samagama endabeni asho okufanayo nalokhu:

1.1.8.1.Kwakucaca ukuthi uphuzile. (2)

1. 1.8.2.Akushoyo/ akwenzayo akunamphumela. (2)

1.1.8.3. Ubhema insangu. (2)

1.1.8.4. Ubothola ulwazi kulabo abazi kangcono kunawe. (2)

1.9. Phendula ngokuthi **YIQINISO** noma **YIPHUTHA**

1.9.1. UMaSithole wayeseyekile ukuzama ukuqondisa uSakhile. (1)

1.9.2.Umuntu obhema izidakamizwa uzibhema mhla ethanda aziyeke mhla engafuni. (1)

1.9.3. USakhile wasizwa uthisha wakhe ukuze aphume ezidakamizweni. (1)

1.2. Bukisisa isikhangiso bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

**NOMA DISTRIBUTORS!!!!!!**

**UYATHUTHA? > UYAPHI?**
**ULANDA IZIMPAHLA? > UZIYISAPHI?**
**SIZOFIKA QATHATHA!!!**

Siyihamba yonke iNingizimu Afrika, amadolobha amakhulu namancane: eGoli, eThekwini, eKapa, eMpangeni njll.



Konke kwenziwa ngobuchwepheshe:

- isevisi ephambili
- ukupakisha **ngobunono**
- ukunakekela izimpahla zingalimali
- ukukwenzela okufunayo **ngokuphazima** kweso
- amanani aphansi

Fika wena noma ushaye ucingo (eduze kweCarlton Centre)

234 Zolile Street
Johannesburg

Ucingo: 011-5467838
Ifeksi: 011-5467822

**KULULA! KULULA! KULULA!**

1.2.1. Sibhekiswa kubani lesi sikhangiso ? (1)

1.2.2. Kungani amagama athi ' NOMA DISTRIBUTORS' ebhalwe ngamagama agqamile kwafakwa nombabazi? (2)

1.2.3. Le nkampani ekhangiswayo ikuliphi idolobha ? (1)

1.2.4. Tomula umusho onolimi olukhohlisayo oluyihaba kulesi sikhangiso. (2)

1.2.5. Bhala okubili le nkampani ethi ikwenza kahle. (2)

**[30]**

ISIQEPHU B

UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

2.Funda ingxoxo bese uphendula imibuzo eyilandelayo.

**Siyazitika ukudla bo!**




2.1. Bheka amabizo asezigabeni ezilandelayo kule ngxoxo bese wakha ngawo eyakho imisho **engahambisani** nekulesi siqephu.**Lidwebele ibizo** emshweni.

| | |
|---|---|
| 2.1.1. isigaba 15 | (2) |
| 2.1.2. isigaba 1a | (2) |
| 2.1.3. isigaba 6 | (2) |
| 2.1.4. isigaba 5 | (2) |

2.2. Khetha izenzo **ezimbili** ezikule ngxoxo uzibhale phansi. (2)

2.3. Guqula ibizo elibhalwe ngokunzima emshweni olandelayo lisho ubunye.
Bhala umusho wonke.
Uzothanda ukudla **amawolintshi** noma inantshi? (1)

2.4. Bhala imisho elandelayo isho **inkathi eyadlula ukuvuma.**

2.4.1 Ngithanda ujeqe kakhulu. (2)

2.4.2.Siphuza itiye nojeqe. (2)

2.5. Bheka igama eliveza umuzwa wenjabulo kule ngxoxo ulibhale phansi.(1)

2.6. Ukuthi ' siyazitika ngokudla bo!' kusho ukuthi:

A. ukudla kuncane kuzophela masisha
B. ukudla okuphekiwe kubi.
C. sizokudla size sidele. (1)

**[16]**

3. Bukisisa isithombe esingezansi bese wakha imisho ehambisana naso eveza lezi zingcezu zenkulumo.Dwebela ucezu lwenkulumo emshweni.

Isibonelo: isiphawulo -khulu
Umama uchelela amaklabishi <u>amakhulu.</u>



3.1. isabizwana soqobo ( bona) (1)
3.2. isiphawulo (- ningi) (1)
3.3. ongumnini ( - khe) (1)
3.4. isibaluli (- mhlophe) (1)

**[4]**

4. Gcwalisa imisho elandelayo ngesivumelwano esifanele ukuze imisho Ifundeke kahle inike umqondo.**Bhala umusho wonke.**

4.1. Umfana _jikijele itshe kwafa ifasitela. (1)
4.2. Ngi _ bonile mina umuntu othathe ithabhulethi yakho. (1)
4.3. Ibhizinisi lakithi _hamba kahle kakhulu. (1)
4.4. Abantu bathenga _ khulu uma sekuzoba uKhisimuzi. (1)
4.5. Izingane ziyathanda u _ dlala ibhola. (1)

**[5]**

5. Bhala igama obiza ngalo lesi sihlobo esibhalwe ngamagama anzima Bhala **umusho wonke.**

5.1. **Ubaba kamama** wakhe akasaboni emehlweni. (1)
5.2. Ucele imali yokuya phesheya **kumfowabo kamama** wakhe. (1)
5.3. **Izingane ezizalwa ubabekazi** bafikile. (1)
5.4. **Unkosikazi kamalume wami** uyaphana kakhulu. (1)
5.5. **Owesilisa ongizalayo** sewadlula emhlabeni. (1)

**[5]**

6. Ubizwa ngani umuntu onalezi zici ezilandelayo:
**Khetha kulezi: ( impumputhe, isithulu, isimungulu,isinqekle, ingini, iphatha.)**

6.1. Umuntu ongenazo izandla izandla nemilenze. (1)
6.2. Umuntu ongezwa ezindlebeni. (1)
6.3. Umuntu ongaboni emehlweni. (1)
6.4. Umuntu ongakwazi ukukhuluma. (1)

**[4]**

7.Sebenzisa la magama **emishweni emibili lilodwa** ukuze kuvele izincazelo ezimbili ezingefani.

7.1. inyanga (2)
7.2. amathanga (2)

7.3. izambane (2)

[6]

8.Bhala igama eliphikisana naleli lobulili besilisa

**Isibonelo : indoda > umfazi**

8.1. iqhude (1)
8.2. inkunzi (1)
8.3. umfana (1)
8.4. ikhehla (1)

[4]

9.Kuthiwa yini umntwana walokhu:

**Isibonelo : webhubesi > iwundlu**

9.1. wenyoni (1)
9.1. wenja (1)
9.3. wenkukhu (1)

[3]

10.Abakwabani abantu abathakazelwa kanje:

**Isibonelo:Mabhodla > abakwaMbuyazi**

10.1.Msholozi (1)
10.2. Khabazela (1)
10.3. Macingwana (1)

[3]

**Amamaki esiqephu B esewonke : 50**

**AMAMAKI EPHEPHA ESEWONKE : 80**